# USARS UCELA ABAQASHI BAGCINE USUKU OLUNGUMNQAMULAJUQU

**Tshwane, ngoMsombuluko 29 kuNdasa 2021 –** UPhiko lweMali eNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) lunxusa bonke abaqashi ukuba bathobele izibophezelo zabo zomthetho ngokuthumela ulwazi oluqondile ngesikhathi sokubuyiswa kwabaphepha entela abaqashi kusukela mhla lu-1 kuMbasa kuya kumhla zingama-31 kuNhlaba.

Abaqashi kumele bathumele ukuDalulwa kweNhlolosimozimali koMqashi (i-EMP501) kwa-SARS ngomhla zingama-31 kuNhlaba, kanjalo nokudalula kwanyanga zonke okusilele (ama-EMP201) kanye nokuhlanganiswa kwamabhuku konyaka (i-EMP501).

Izinkokhelo ze-*Pay-As-You-Earn* (i-PAYE) kumele zibe sezenziwe zonke kanti neminininingo ehlinzekwe uSARS kumele ibe msulwa futhi ishaye emhlolweni. Imininingo eyiqiniso ibalulekile ukuze uSARS akwazi ukuhlanganisa amaphepha okubuyisa intela ngendlela eyiqiniso kanti izisebenzi zingathumela amaphepha azo entelangeniso nolwazi oluyiqiniso ngesikhathi sokubuyiswa kwamaphepha entela yomuntu siqu.

Abaqashi nabo kulindeleke ukuba bakhiphe ama-IRP5/IT3(a) ezisebenzi ngesikhathi, ukuze izisebenzi zikwazi ukuthumela amaphepha azo entela ngesikhathi esifanele.

USARS unxenxa izisebenzi ukuba zihlole imininingwane yazo eku-IRP5/IT3(a) ukuthi iyiqiniso yini.

Labo abahlinzeka ngemininingo ehlinzekwe umuntu wesithathu oseceleni efana nolwazi lwezinhlelo zezokwelapha nabo kumele bathumele ulwazi olushaya emhlolweni kwaSARS nakumakhasimende abo.

Lokhu kuyizidingo ezisemqoka ukuze uSARS uzokwazi ukuhlinzeka abakhokhintela ngosizo oluphelele futhi olungenazihibe ngokuhambisana nempokophelo yethu yokwenza kube lula kubakhokhintela ukuba bathobele imigomo yezibophezelo zabo zentela.

Abaqashi, izisebenzi zentela kanye nalabo abasingatha uhla lwabantu abakhokhelwayo ezinkampanini kumele badawunilode iveshini yakamuva ye-Employers e@syfile. Lona ngumgudu uSARS awubekele ukunika abaqashi ithuba lokuthumela ama-EMP501 abo nge-elekthronikhi. USARS ukhuthaza amabhizinisi amancane ukuba asebenzise le nkundla asuke ekwenzeni uhla lwabakhokhelwayo ngezandla kodwa baye ohlelweni lohla lwabaholelwayo oluzenzekelayo.

Labo abaqalayo ukufuna imisebenzi nabo bangabhalisela intelongeniso yomuntu siqu ngokusebenzisa i-eFiling. Kuthatha isikhathi esingaphansi kwamahora angama-24 ukuthola umyalezo omfishane i-SMS enenombolo entsha yentela uma ufaka isicelo sakho nge-eFiling.

Ukuze abaqashi bagweme izinhlawulo nenzalo kumele bathumele ukudalula kokuhlanganiswa kwamabhuku konyaka kwaSARS mhla zingama-31 kuNhlaba 2021.

Ngolwazi olwengeziwe ngolwazi ngesiKhathi sokuThunyelwa kwamaphepha eNtela kwabaQashi vakashela kusizindalwazi sakwaSARS www.sars.gov.za .